

NguMongameli  
uThomas S. Monson



# Ubizo loMsindisi lokuSebenza

**B**onke abafunde izibalo bayazi ukuthi inombolo engaphansi ejwayelekile yokuhlukaniswa ngayo iyini. Abangcwele bezinsuku-Zokugcina, ikhona inombolo yokwehlukana engaphansi ejwayelekile ekuyiyona esibophezelayo thina ndawonye. Leyo nombolo ejwayelekile yokwehlukana iwubizo lomuntu yedwa esiyitholayo ukuze sifeze umsebenzi embusweni kaNkulunkulu lapha emhlabeni.

Ingabe uzizwa unecala lokukhononda uma ubizo lulethwa kuwe? Noma mhlawumbe ulwamukela ngokubonga ithuba ngalinye lokusebenzela abafowenu nodade, ngokwazi ukuthi uBaba wethu wasezulwini uzobabusisa labo ababizile na?

Nginethemba lokuthi asingeke silahle okuyiyona nhloso ebalulekile yokuvikela amathuba ethu okusebenza. Leyonhloso, leyonjongo yaphakade, yiyona iNkosi eyakhuluma ngayo futhi etholakala Kumklo-melo Wenani Eliphezulu: “Ngokuba bheka, lona ngumsebenzi wami kanye nenkazimulo yami—ekuletheni okudlulayo okungabhubhiyo kanye nempilo yaphakade yomuntu.”<sup>1</sup>

Masikhumbule njalo ukuthi isembhatho sokuba yilungu eBandleni likaJesu Krestu labaNgcwele bezinsuku-Zokugcina akusona isembhatho esithokomele kepha hleze yingubo yomsebenzi. Umsebenzi wethu, ekungezeleleni ekusindisweni kwethu,

ngokukhombisa abanye embusweni kaNkulunkulu.

Ngokuvuma ukuhamba indlela yokusebenzela uNkulunkulu, asingeke sibe sendaweni Ebalulekile yakaShakespeare. Ngokuhluthwa kamandla emva kwempilo yokusebenza enkosini yakhe, wakhala ngosizi wathi:

*Ukuba ngasebenzela uNkulunkulu wami ngengxenywe  
enomfutho*

*Ngasebenzela iNkosi yami, Ibingeke eminyakeni yami  
Angiyekele ngingambethe ezitheni zami.<sup>2</sup>*

Musebenzi muni odinga ngumbuso wezulu? “iNkosi idinga inhliziyi ekhululekile kanye nengqondo ezinikelayo; nalabo abazinikelayo nabazithobileyo bazakudla umhlaba omuhle waseSiyoni ezinsukwini lezi zokugcina.”<sup>3</sup>

Ngima kancane uma ngicabanga ngamazwi kaMongameli u John Taylor (1808–87): “Uma ungakhulisi ubizo lwakho, uNkulunkulu uzakubeka icala ngokungabasindisi labo okumele ngabe ubasindisile uma ngabe wenzile umsebenzi wakho.”<sup>4</sup>

Njengokukhanya okumanyazelayo kwethoshi lokulunga yempilo kaJesu njengoba efundisa ngaphakathi kwabantu. “Nginani njengalabo abasebenzileyo,”<sup>5</sup> uJesu wamemezela ngenkathi eletha amandla ezithweni

zomzimba zalabo abakhubazekile, ukubona emehlweni alabo abangaboniyo, ukuzwa ezindlebeni zalabo abangezwa kanye nempilo emzimbeni yalabo abafileyo.

Njengomfaniso womSamariya olungileyo, uMfundisi wasifundisa ukuthi sithande omakhelwane bethu njengoba sizithanda.<sup>6</sup> Mayelana nempendulo yombusi omcane owayecebile, wasifundisa ukuthi sibekele eceleni ubugovu.<sup>7</sup> Mayelana nokupha abangu 5,000, wasifundisa ukuthi sibhekele izidingo zabanye.<sup>8</sup> Futhi kwintshumayelo yaseNtabeni, Wasifundisa ukuba siqale ngokufuna umbuso kaNkulunkulu.<sup>9</sup>

Emhlabeni Omusha, iNkosi eyavuka ekufeni yamemezela ukuthi, “Uyazi izinto okumele uzenze ebandleni lami, ngokuba imisebenzi ebonakalayo kimi yenza lokho okumele ukwenze, ngokuba lokho okubonileyo mina ngikwenza kanjalo kumele nikwenze.”<sup>10</sup>

Sibusisa abanye ngenkathi sisebenza ethunzini “likaJesu wase Nazareth . . . owahamba wenza konke okulungileyo.”<sup>11</sup> uNkulunkulu usibusisa ukuba sithole injabulo ngokusebenzela uBaba waseZulwini njengoba sisebenzela abantwana bakhe emhlabeni.

#### AMANOTHI

1. (uMose 1:39.)
2. uWilliam Shakespeare, *iNkosi uHenry wesiShiyagalombili*, izenzo 3, isiqhepu 2, imigqa 456–58.
3. Imfundiso kanye neZivumelwano 59:7, 21.
4. *Izimfundiso ZaboMongameli beBandla: uJohn Taylor* (2001), 164.
5. uLuka 22:42.
6. Bona uLuka 10:30–37; bona futhi uMatewu 22:39.
7. Bona uMatewu 19:16–24; uMarko 10:17–25; uLuka 18:18–25.
8. Bona uMatewu 14:15–21; uMarko 6:31–44; uLuka 9:10–17; uJohane 6:5–13.
9. Bona uMatewu 6:33.
10. 3 Nifayi 27:21.
11. Izenzo 2:38.

#### UKUFUNDISA NGALO MLAYEZO

“[iNkosi] ayisoze yavumela thina ukuba singaphumeleli uma sidlala eyethu indima. Uzosikhulisa ngaphezu kwamathalente ethu kanye namakhono. . . . Kungenye yolwazi olumnandi olungeza kumuntu” (uEzra Taft Benson, in *Ukufundisa, Akulona Ubizo Olukhulu* [1999], 20). Cabanga wabelane ngolwazi ngenkathi wena noma omunye omaziyo ozwile ngokukhuliswa kwamathalente kanye namakhono abo. Mema umndeni ukuzokwabelana ngolwazi lwabo abanalo oluqinisekile njengoba bephendula ku “Bizo loMsindisi ukuba basebenze.”

## INTSHA

### Ukusebenza eThempeleni

Ngu Benjamin A.

**N**genkathi ngino 17, ngaqala ngacabanga kanzulu ngekusasa lami, futhi ngathandaza kuBaba waseZulwini mayelana nokuthi ngingenzenjani ukuze ngizilungiselele ukuya kuMishini nokuthola ubuPristi bukaMelkhezidiki. Ngazizwa ukuthi kumele ngiye ethempeleni njalonje ngoba kuyindlu yeNkosi futhi izokuba yindawo lapho ngingazizwa ngisondelene kuBaba wami waseZulwini.

Ngakho-ke ngabeka injongo yokwenza umbhabhadiso ongu 1,000 ngonyaka. Ngempela ngezwa kunesidingo sokubeka lenjongo ngazila ukuze ngazi ukuthi lokhu yikona okumele ngikwenze. uBaba wethu waseZulwini wangiphendula, ngase ngiqala ngiya eThempeleni laseTampico eMexico njalo ngoMgqibelo.

Emva kokuba ngenze imibhabhadiso engu 500, ngabeka injongo yokwenza ucwaningo ngomlando womndeni ngabokhokho bami, futhi ngangithanda kakhulu ukwenza ucwaningo kangangokuba angizange ngilale ngokuba ngangifunana namagama. Ngathola amagama angu 50 kanye nezizukulwane ezingu 8 ngomlando womndeni wami, ngasiza ukwenza umsebenzi wethempeli kuwo wonke umuntu.

Ngagcina sengenze ngaphezu kuka 1,300 wombhabhadiso, ngaphasa kuseminari, ngathola ubupristi bukaMelkhezidiki, futhi manje ngisebenza njengomfundisi wezenkolo ophelilele, okukade kwingenye yezifiso zami ezinkulu empilweni.

## IZINGANE

### Ngingenzela Abanye Okuthile

**O**munye nomunye wethu angenza okuthile ukusiza abanye. uMongameli uMonson wasifundisa ukuthi masithande wonke umuntu futhi sifunde ukuthola ukuba singabasiza kanjani.

Uma udla isidlo sakusihlwa nomndeni wakho, ubonise ukuthi ilungu lomndeni ngalinye labelane ngento eyodwa noma ayenzile yokusebenzele omunye ngalolosuku. Bhala ngolwazi lomsebenzi wakho kujenali yakho nsuku zonke.



Ukholo, Umndeni, Inkululeko

# Ukwenza Ngesikhathi Sesidingo

*Funda lomlayezo futhi, ngokufanelekile, xoxa ngayo nalabo dade obavakashelayo. Sebenzisa lemibuzo ukusiza ukuqinisa odade bakho nokwenza Inhlango Yabesimame Yenkululeko ibe yingxenye ebalulekile yempilo yakho.*

**N**jengabothisha bokuvakasha, enye yezinjongo zethu ukusiza siqinise imindeni kanye namakhaya. Odade esibavakashelayo kumele bakwazi ukusho ukuthi, “Uma nginezinkinga, Ngiyazi ukuba uthisha ngokuvakasha wami uzakungisiza ngaphandle kokuba acelwe.” Ukuze usebenzele abanye, sinomsebenzi wokubheka izidingo zabodade esibavakashelayo. Uma sifuna ugqozi, sizakwazi ukuphendula izidingo zomoya ongcwele kanye neziphelelayo zodade ngamunye esinikeziwe ukuba simvakashele. Bese-ke, sisebenzise isikhathi sethu, amakhono, amathalente, imithandazo yokholo, kanye nokusekela okungokomoya ongcwele futhi nothinta inhliziyo, singasiza ukunikeza umsebenzi onozwelo ngezikhathi zokugula, ukufa, futhi nezinye izehlakalo eziyisipesheli.<sup>1</sup>

Ngosizo oluvela kumariphothi wothisha bokuvakasha, ubumongameli Benhlango Yabesimame Yenkululeko ibheka labo abanezidingo eziyisipesheli ngoba benokugula ngokomzimba noma ngenqondo, ukubaluleka kwesimo, ukuzalwa, izifo, ukukhubazeka, ukuba wedwa, noma ezinye zezivivinyo. uMongameli weNhlango

Yabesimame Yenkululeko bese ebika lokho akutholile kubhishobhu. Ngokuyalwa nguye, udade usiza ngokusebenzisana naye.<sup>2</sup>

Njengabothisha bokuvakasha singaba “nesizathu esikhululu . . . sokujabula” ngokuba “isibusiso esinikezwe sona, ukuthi siyenzwe amathulusi esandleni sikaNkulunkulu ukuletha lomsebenzi omkhulu” (uAlma 26:1, 3).

## ***Kuvela embhalweni Ongcwele***

uMatewu 22:37–40; uLuka 10:29–37; uAlma 26:1–4; Imfundiso kanye neZivumelwano 82:18–19

## ***Kuvela Emlandweni Wethu***

Eminyakeni yokuqala yeBandla, inani lamalungu lalincane futhi lindawonye. Amalungu wayekwazi ukubhekana masishane nesidingo somunye. Namuhla inani lamalungu lingaphezu kuka 14 yezigidi futhi lisakazekile kuwownke umhlaba. Ukufundisa ngokuvakasha kwiyingxenye yeplani leNkosi eliletha usizo kubobonke abantwana Bakhe.

“Uhlelo olilodwa olungaletha usizo kanye nenduduzo kwibandla lonke elikhulu kumhlaba ohlakenene luzavela kubasebenzi abaseduzane nabantu abadinga usizo,”

wakhuluma uMongameli uHenry B. Eyring, Oyikhansela Lokuqala ku-boMongameli Bokuqala.

“. . . Wonke ubhishobhu kanye nomongameli wegatsha unomongameli Wenhlango Yabesimame Yenkululeko athemebele kuyena. “Unabothisha bokuvakasha, abaziyo izinkinga kanye nezidingo zodade ngamunye. Uyakwazi, ngabo, ukwazi izinhliziyi zabo kanye nemindeni yabo. Angakwazi ukufeza izidingo futhi asize ubhishobhu kwibizo lakhe anakekele omunye nomunye kanye nemindeni.<sup>3</sup>

### **AMANOTHI**

1. Bona *Incwadi 2: Ukuphatha iBandla* (2010), 9.4.2.
2. Bona *Uncwadi 2*, 9.6.2.
3. uHenry B. Eyring, in *Amadodakazi eMbusweni Wami: uMlando kanye Nomsebenzi weNhlango Yabesimame Yenkululeko* (2011), 110.

### ***Ngingenzenjani?***

1. Ngisebenzisa iziphiwo zami kanye namathalente ami ukusiza abanye na?
2. Odade engibaqaphile bayazi ukuthi ngiyafisa ukuba siza uma banesidingo na?

Ukuthola ulwazi oluningi ngalokhu, iya ku [www.reliefsociety.lds.org](http://www.reliefsociety.lds.org).